

**ISOMISO sihlukumeza osomabhizinisi baseMsinga abaziphilisa ngokutshala nokufuya**

# 'Ukufuya izimbuzi kufanele uMsinga'

**PHILI MJOLI**

UMA ungumlimi ofuna ukuphumelela eMsinga kumele ufuye izimbuzi ngoba amadlelo akule ndawo awasekho esimweni nemifula ishile.

UNksz Zanele Shezi, ongumcwaningi esikhungweni i-Institute of Natural Resources, uthe sekuwunyaka wesine benza ucwaningo ngezindlela zokugcinwa kwamanzi kule ndawo.

Lolu cwaningo luholele ekutheni kube nophiko oluzobheka ukuthi imfuyo ingasimama kanjani.

Okuhlalukayo kulolu cwaningo oluqalwe ngo-2013 oluphela ngo-2016 ngukuthi okwamanje umlimi angasimama uma efuya izimbuzi ngoba utshani obukhula emadlelweni akule ndawo kabanele ukuthi kudle izinkomo ezikhona.

Kule ndawo isomiso siqale ngaphambi kokuthi sihlasele kwezinye izingxenye zaKwaZulu-Natal ngo-2014.

"Ngesikhathi siqala ukwenza ucwaningo sibiyele amadlelo, sawehlukanisa. Kunendawo evulelekile ukuthi imfuyo idle udede kuyo, kube nendawo ehlelelwe ukuthi ivulwe uma kuqedwa ukuvunwa kuphela nokuhlelwe ukuthi ingavulwa nhlobo ukuze kuqhathaniswe ukukhula kotshani," kusho yena.

Imiphumela yesikhashana uthe ikhombisa ukuthi utshani endaweni evulelekile abusakhuli ngenxa yokuthi buthi bumila izinkomo zibudle, endaweni evulwa kanye ngonyaka nakuleyo evaliwe abukhuli ngendlela okumele ukuthi bukhule ngayo.

"Lokhu kubeka engcupheni umkhakha wezolimo wokufuya izinkomo nezinye izilwane ezidla utshani. Izimbuzi zidla utshani nezihlahla okwenza ukuthi isimo sazo sibe ngcono uma siqhathaniswa nezimbuzi," kusho yena.

Uqhube wathi zingu-2 000 izimbuzi ezifuywe wumphakathi abenza ngawo ucwaningo.

Lezi zindawo ziba nokudla kwezimbuzi okungamathani ayisishiyagalombili ngonyaka. Izimbuzi ezikhona zidinga u-1.3 wamathani njalo ngonyaka.

Uma kungena ihlobo uthe bazoqhubeka babheke ukuthi uma kungena ihlobo ukhona yini umehluko ozobakhona ekukhuleni kotshani.

Okunye okubhekwayo wukuphakela izinkomo utshani obuthengwayo.

"Le ndlela sisayihlola ukuthi ingasebenza yini emphakathini wasemakhaya sibheke nokuthi kudingeka amabheyili amangaki otshani.

"Kubalimi abatshalayo babheka uhlelo lokuthi kufakwe ubuchwepheshe obuthile obuzokwenza ukuthi amanzi okuniselwe ngawo izitshalo ahlale enhlabathini umswakama ungashabalali uma kufika ilanga noma umoya," kusho yena.

Ukunisela okujwayelekile uma kunesomiso uthe akusebenzi ngenxa yesivuvu esiphuma enhlabathini esiholela ekutheni uma kufika ilanga kushise, kufane nokuthi kuniselwe ngamanzi abilayo.

Yingakho kwenziwa ucwaningo ngokufaka lobo buchwepheshe.